ayisikhombisa lamatshumi ayisithupha, **15** akaBhinuyi ayengamakhulu ayisithupha lamatshumi amane lasificaminwembili, **16** akaBhebhayi ayengamakhulu ayisithupha lamatshumi amabili lasificaminwembili, **17** aka-Azigadi ayezinkulungwane ezimbili lamakhulu amathathu lamatshumi amabili lambili, **18** aka-Adonikhamu ayengamakhulu ayisithupha lamatshumi ayisithupha lasikhombisa, **19** akaBhigivayi ayezinkulungwane ezimbili lamatshumi ayisithupha lasikhombisa, **20** aka-Adini ayengamakhulu ayisithupha lamatshumi amahlanu lanhlano, **21** aka-Atheri (ngoHezekhiya) ayengamatshumi ayisificamunwemunye lasificaminwembili, **22** akaHashumi ayengamakhulu amathathu lamatshumi amabili lasificaminwembili, **23** akaBhezayi ayengamakhulu amathathu lamatshumi amabili lane, **24** akaHarifi ayelikhulu letshumi lambili, **25** akaGibhiyoni ayengamatshumi ayisificamunwemunye lanhlano, **26** amadoda ayeseBethlehemama leNethofa ayelikhulu lamatshumi ayisificaminwembili lasificaminwembili, **27** ayese-Anathothi ayelikhulu lamatshumi amabili lasificaminwembili, **28** ayeseBethi Azimavethi ayengamatshumi amane lambili, **29** ayeseKhiriyathi-Jeyarimi, leKhefira leBherothi ayengamakhulu ayisikhombisa lamatshumi amane lantathu, **30** ayeseRama leGebha ayengamakhulu ayisithupha lamatshumi amabili lanye, **31** ayeseMikhimashi ayelikhulu lamatshumi amabili lambili, **32** ayeseBhetheli le-Ayi ayelikhulu lamatshumi amabili lantathu, **33** awakweyinye iNebho ayengamatshumi amahlanu lambili, **34** awakweyinye i-Elamu ayeyinkulungwane elamakhulu amabili lamatshumi amahlanu lane, **35** ayeseHarimi ayengamakhulu amathathu lamatshumi amabili, **36** aseJerikho ayengamakhulu amathathu lamatshumi amane lanhlano, **37** ayeseLodi, eHadidi le-Ono ayengamakhulu ayisikhombisa lamatshumi amabili lane, **38** ayeseSenaya ayezinkulungwane ezintathu lamakhulu ayisificamunwemunye lamatshumi amathathu. **39** Abaphristi: abesizukulwane sikaJedaya (ngosendo lukajeshuwa) babengamakhulu ayisificamunwemunye lamatshumi ayisikhombisa lantathu, **40** abaka-Imeri babeyinkulungwane elamatshumi amahlanu lambili, **41** abakaPhashuri babeyinkulungwane lamakhulu amabili lamatshumi amane lasikhombisa, **42** abakaHarimi babeyinkulungwane elatshumi lasikhombisa. **43** AbaLevi: abesizukulwane sikaJeshuwa (ngoKhadimiyeli ngosendo lukaHodaviya) babengamatshumi ayisikhombisa lane. **44** Abahlabeleli: Abesizukulwane sika-Asafi babelikhulu lamatshumi amane lasificaminwembili. **45** Abalindimasango ethempeli: abesizukulwane sikaShalumi, lo-Atheri, loThalimoni, lo-Akhubi, loHathitha loShobhayi babelikhulu lamatshumi amathathu lasificaminwembili. **46** Izinceku zethempelini: abesizukulwane sikaZiha, loHasufa loThabhawothi, **47** loKherosi, loSiya, loPhadoni, **48** loLebhana, loHagabha, loShalimayi, **49** loHanani, loGideli, loGahari, **50**

loReyaya, loRezini, loNekhoda, **51** loGazami, lo-Uza, loPhaseya, **52** loBhesayi, loMewunimi, loNefushesimi, **53** loBhakibhuku, loHakufa, loHahuri, **54** loBhaziluthi, loMehida, loHasha, **55** loBhakhosi, loSisera, loThema, **56** loNeziya loHathifa. **57** Abesizukulwane zezinceku zikaSolomoni: Abesizukulwane sikaSothayi, loSoferethi loPherida, **58** loJayala, loDakhoni, loGideli, **59** loShefathiya, loHathili, loPhokherethi-Hazebhayimi lo-Amon. **60** Izinceku zethempelini labezizukulwane zezinceku zikaSolomoni babengamakhulu amathathu lamatshumi ayisificamunwemunye lambili. **61** Abalandelayo laba bavela emadolobheni aseTheli Mela, eTheli Hasha, eKherubi, e-Adoni, lase-Imeri, kodwa behuleka ukuveza ukuthi usendo lwabo lwaphuma ko-Israyeli: **62** abesizukulwane sikaDelaya, loThobhiya loNekhoda babengamakhulu ayisithupha lamatshumi amane lambili. **63** Ababephuma kubaphristi kwakuyilaba: abesizukulwane sikaHobhaya, esikaHakhozi lesikaBhazilayi (indoda eyayithethe indodakazi kaBhazilayi umGilyazi layo yayibizwa ngalelobizo). **64** Laba baphenya imibhalo yembali yezimuli zabo, kodwa bayiswela ngakho basuswa ebuphristini kwathiwa bangcolile. **65** Ngakho-ke, umbusi wabalaya ukuthi bangakudli loba yikuphi ukudla okungcwele kuze kubekhona umphristi wokubuzwa inkatho i-Uriri leThumimi. **66** Ixuku lonke lalilani elifika inkulungwane ezingamatshumi amane lambili lamakhulu amathathu lamatshumi ayisithupha, **67** ngaphandle kwezinceku zabo ezesilisa labesifazane ezazifika inkulungwane eziyisikhombisa lamakhulu amathathu lamatshumi amathathu lasikhombisa; njalo belabahlabeleli besilisa labesifazane abafika amakhulu amabili lamatshumi amane lanhlano. **68** Kwakulamabhiza ayefika amakhulu ayisikhombisa lamatshumi amathathu lasithupha, imbongo ezingamatshumi amabili lamatshumi amane lanhlano, amakamela angamakhulu amane lamatshumi amathathu lanhlano, **69** labobabhemu abazinkulungwane eziyisithupha lamakhulu ayisikhombisa lamatshumi amabili. **70** Ezinye inhloko zezimuli zancedisa emsebenzini. Umbusi wanikela esikhwameni esikhulu, amadrakhima egolide ayinkulungwane, imiganu engamatshumi amahlanu lezigqoko zabaphristi ezingamakhulu amahlanu lamatshumi amathathu. **71** Abanye abazinhloko zezimuli baphosela esikhwameni amadrakhima egolide azinkulungwane ezingamatshumi amabili lamamina esiliva azinkulungwane ezimbili lamakhulu amabili. **72** Sekukonke okwaphiwa ngabantu bonke kwaba ngamadrahkima egolide azinkulungwane ezingamatshumi amabili, amamina esiliva azinkulungwane ezimbili lezigqoko zabaphristi ezingamatshumi ayisithupha lasikhombisa. **73** Abaphristi, labaLevi, labalindimasango, labahlabeleli, lezinceku zethempelini, kanye labanye abantu lo-Israyeli wonke, bahlala emadolobheni akibo.

8 Kwathi sekuyinyanga yesikhombisa abako-Israyeli basebehezi emadolobheni akibo. Bonke abantu babuthana ngangqondo yinye egcekeni elaliphambi

kweSango laManzi. Bacela u-Ezra umbhali ukuthi alethe iNcwadi yoMthetho kaMosi, uThixo aleyaye ngawo ama-Israyeli. 2 Yikho kwathi ngelanga lokuqala lenyanga yesikhombisa u-Ezra umphristi wawuletha uMthetho phambi komhlango, owawugcwele amadoda labafazi labo bonke ababelokuzwisisa. 3 Wafunda kakhulu kusukela ekuphumeni kwelanga kwaze kwaba semini enkulu ekhangele egcekeni leSango laManzi phambi kwamadoda, labafazi labanye ababelokuzwisisa. Bonke abantu balalelisisa ukuzwa iNcwadi yoMthetho. 4 U-Ezra umbhali wayemi phezu kwethala eliphakemeyo elenziwe ngezigodo lenzelwe umkhosi lo. Eceleni kwakhe kwesokunene kwakumi uMathithiya, loShema, lo-Anaya, lo-Uriya, loHilikhiya, loMaseya; kwathi kwesokohlo kunguPhedaya, loMishayeli, loMalikhija, loHashumi, loHashibhadana, loZakhariya loMeshulami. 5 U-Ezra wayivula incwadi. Bonke abantu babembona ngoba wayemi ekuphakameni ngaphezu kwabo; kwathi lapho eyivula abantu basukuma. 6 U-Ezra wamdumisa uThixo, uNkulunkulu omkhulu, kwathi bonke abantu baphendula baphakamisa izandla zabo bathi, "Amen! Amen!" Basebekhothama bekhonza uThixo bethe mbo ngobuso phansi. 7 AbaLevi ababalisa uJeshuwa, loBhani, loSherebhuya, loJamini, lo-Akhubi, loShabbethayi, loHodiya, loMaseya, loKhelitha, lo-Azariya, loJozabhadi, loHanani loPhelaya bafundisa abantu uMthetho abantu belokhu bemi khonapho. 8 Babebala eNcwadini yoMthetho kaNkulunkulu, bewuchasisa baveze lokho okutshoyo ukuze abantu bakuzwisise lokho okwakubalwa. 9 Kwasekusithi uNehemiya umbusi, lo-Ezra umphristi lombhali, kanye labaLevi ababefundisa abantu bathi kubo bonke, "Lelilanga lingcwele kuThixo uNkulunkulu wenu. Lingalili kumbe likhale." Kwangogoba bonke babekhala lapho babelale amazwi oMthetho. 10 UNehemiya wathi, "Hambani liyozitika ngokudla okumnandi lokunathwayo okumnandi, okunye likuthumele labo abangelakho okulungisiweyo. Ilanga lanamhla lingcwele kuThixo wethu. Malingadani, ngoba ukuthokoza kukaThixo kungamandla enu." 11 AbaLevi babathulisa bonke abantu, bathi, "Thulani, ngoba lolu lusuku olungcwele. Lingadani." 12 Kwathi abantu bonke basebehamba bayakudla banatha, bathumela okunye ukudla kwabanye bazithokozisa kakhulu, ngoba manje basebewazwisa lwomazwi abasebewazwile. 13 Ngosuku lwesibili lenyanga, abazinhloko zezimuli zonke, kanye labaphristi labaLevi, babuthana ku-Ezra umbhali ukuba bahlolisise amazwi oMthetho. 14 Bakufumana kubhaliwe emthethweni, owalaywa nguThixo ngoMosi, ukuthi ama-Israyeli babemele bahlale ezihonqweni ngesikhathi somkhosi wenyanga yesikhombisa 15 lokuthi njalo lelilizwi babemele balimemezele liye kuwo wonke amadolobho abo laseJerusalem elithi: "Phumani liye emaqaqeni liyokhwebula amatatshana ama-oliva lama-oliva eganga, lamamithili, lamalala lezihlahla ezilomthunzi, lenze izihonqo," njengoba kulotshiwe. 16 Ngakho abantu baphuma babuya lamagatsha bazakhela izihonqo

ephahleni lwezindlu zabo, emagumeni abo, emagumeni endlu kaNkulunkulu lasegcekeni eliseSangweni laManzi lalelo elaliseSangweni lika-Efrayimi. 17 Ixuku lonke elavela ebugqilini lakha izihonqo lahlala kuzo. Kusukela ensukwini zikaJoshuwa indodana kaNuni kuze kube yilolosuku, ama-Israyeli ayengazange awenze kanjalo lowo mkhosi. Kwakukukhulu ukuthokoza kwabo. 18 Insuku ngensuku, kusukela kolokuqala kusiya kolokucina, u-Ezra wayebala eNcwadini yoMthetho kaNkulunkulu. Bawuthakazelela lowo mkhosi okwensuku eziyisikhombisa, kwathi ngosuku lwesificaminwembali, kwabakhona umhlango omkhulu, njengokumisiweyo emthethweni.

9 Ngelanga lamatshumi amabili lane aleyonyanga, ama-Israyeli ahlangu ndawonye, azila ukudla egqoke amasaka njalo bezithele uthuli emakhanda abo. 2 Labo ababengabako-Israyeli ngomdabuko bazehlukana kwabezizwe. Bema ezindaweni zabo bavuma izono zabo lobubi babokhokho babo. 3 Bema khonapho ababekhona babala eNcwadini yoMthetho kaThixo uNkulunkulu wabo okwengxenyane yesine yosuku, kwathi enye ingxenyane yesine babevuma izono zabo njalo bekhonza uThixo uNkulunkulu wabo. 4 Ethaleni kwakumi abaLevi, uJeshuwa, loBhani, loKhadimiyeli, loShebhaniya, loBhuni, loSherebhuya, loBhani loKhenani, abamemeza baqongisa amazwi kuThixo uNkulunkulu wabo. 5 Njalo abaLevi ababalisa uJeshuwa, loKhadimiyeli, loBhani, loHashabhineya, loSherebhuya, loHodiya, loShebhaniya, loPhethahiya bathi: "Sukumani lidumise uThixo uNkulunkulu wenu, okhona kusukela phakade kuze kube phakade. Libusisiwe ibizo lakho elingcwele, sengathi lingaphakanyiswa ngaphezulu kwakho konke ukubusiswa lokudunyiswa. 6 Wena wedwa nguThixo. Wenza amazulu, kanye lamazulu aphezukonke, lazozonke izinkanyezi zawo, umhlaba lakho konke okukuwo, inlwandle lakho konke okukuzo. Uyapha ukuphila kukho konke, lamabutho wonke asezulwini ayakukhonza. 7 UnguThixo uNkulunkulu, owakhetha u-Abhrama wamkhipha e-Uri lamaKhaladiya wambiza ngokuthi ngu-Abrahama. 8 Wabona ukuthi inhliziyi yakhe yayithembekile kuwe, ngakho wenza isivumelwano laye ukupha izizukulwane zakhe ilizwe lamaKhenani, lamaHithi, lama-Amori, lamaPherizi, lamaJebusi lamaGigashi. Usigcinile isithembiso sakho ngoba ulungile. 9 Wakubona ukuhlupheka kwabokhokho bethu eGibhithe; wezwa ukukhala kwabo elwandle oluBomvu. 10 Wathumela izibonakaliso ezingumangaliso lezimanga kuFaro, kuzozonke izinduna zakhe lakubo bonke abantu belizwe lakhe, ngoba wawukwazi ukuthi amaGibhithe abaphatha njani ngodlakela. Wazenzela ibizo, elimiyo kuze kube lamuhla. 11 Walwehlukana ulwandle phambi kwabo, ukuze bedlule kulo emhlabathini owomileyo, kodwa waphosela labo ababebaxhuma ekujuleni, njengeliitsheliphoselwa ethwaceni lwamanzi. 12 Emini wawubakhokhela ngensika yeyenzi, ebusuku ngensika yomlilo ukubapha ukukhanya endleleni

ababehamba ngayo. **13** Wehla weza eNtabeni yaseSinayi; wakhuluma kubo usezulwini. Wabapha izimiso lemithetho eqondileyo njalo elungileyo, lezimemzelelo lemilayo elungileyo. **14** Wabazisa ngeSabatha lakho elingcwele njalo wabapha imilayo, lezimiso lemithetho ngenceku yakho uMosi. **15** Ngesikhathi belambile wabapha isinkwa sivela ezulwini njalo ekomeni kwabo wabaletela amanzi ephuma edwaleni; wabatshela ukuthi bangene balithathe ilizwe owafunga uphakamisa isandla ukubapha. **16** Kodwa bona, okhokho bethu, baba yiziqholo baqinisa intamo, kabaze balalela imilayo yakho. **17** Bala ukulalela njalo behluleka ukukhumbula izimanga owazenzayo phakathi kwabo. Baqinisa intamo kwathi ekulamukeni kwabo bakhetha umkhokheli ukuze babuyele ebugqilini babo. Kodwa unguNkulunkulu oxolelayo, olomusa lesihawu, ophuza ukuthukuthela kodwa wandile ngothando. Ngakho kawubafulathelanga, **18** lalapho sebezibumbele isithombe sethrole besithi, 'Lo ngunkulunkulu wenu owalikhuphayo eGibhithe,' lanxa benze amanyala esabekayo. **19** Ngenxa yesihawu sakho esikhulu kawubakhalalanga enkangala. Emini insika yeyezi kayikhawulanga ukubakhokhela endleleni yabo, loba insika yomlilo ebusuku ukukhanyisa indlela ababemele bahambe ngayo. **20** Wanika uMoya wakho omuhle ukubafundisa. Kawuyigodlanga imana yakho emilonyeni yabo, njalo wabapha amanzi ukucitsha umhawu wabo. **21** Okweminyaka engamatshumi amane wabagcina enkangala; kabazange baswele lutho, izembatho zabo kaziguganga lezinyawo zabo kazivuvukanga. **22** Wabapha imibuso leziwe, wababela lemingcele ekude. Balithatha ilizwe likaSihoni inkosi yaseHeshibhoni lelizwe lika-Ogi inkosi yaseBhashani. **23** Wenza amadodana abo abanengi njengezinkanyezi zomkhathi, wabaletela elizweni owawutshela okhokho babo ukuba bangene kulo balithathe. **24** Amadodana abo angena alithatha ilizwe. Wawehlukanisa phambi kwabo amaKhenani, ababehlala phakathi kwelizwe; wanikela amaKhenani kubo, ndawonye lamakhosi awo labantu belizwe, ukuba benze kubo njengokuthanda kwabo. **25** Bathumba amadolobho abiyelweyo lomhlaba ovundileyo; bazithatha izindlu ezazigwaliswe ngakho konke okuhle, lemithombo eyayivele igejiwe, izivini, lezivande zama-oliva lezihlahla ezinengi ezezithelo. Badla bazitika bakhithika imikhaba; bazithokozisa ngokulunga kwakho okukhulu. **26** Kodwa kabalalelanga bakulamukela; umthetho wakho babubeka ngemva kwabo. Babulala abaphrofethi bakho, ababebakhuza ukuze babuyele kuwe; bahlambaza ngendlela eyesabekayo. **27** Ngakho wabanikela ezitheni zabo, zabancindezela. Kodwa kwathi sebencindezelwe bakhala kuwe. Usezulwini wabazwa, kwathi ngesihawu sakho esikhulu wabapha abakhululi, ababahlengayo ezandleni zezitha zabo. **28** Kodwa bonela ukuphumula, baphinda njalo benza okubi phambi kwakho. Wase ubadela ezandleni zezitha zabo ukuthi zibabuse. Kwathi lapho sebekhala kuwe njalo, wezwa usezulwini, kwathi ngesihawu sakho wabakhulula izikhathi ngezikhathi. **29** Wabaxwayisa ukuthi babuyele emthethweni

wakho, kodwa baqholoza kabaze bayilalela imilayo yakho. Benza isono ngezimiso zakho, okuthi nxa umuntu ezilalela aphile. Ngobuqholo bakufulathela, baqinisa intamo, bala ukulalela. **30** Okweminyaka emineni wababekezelela. NgoMoya wakho wabakhuza ngabaphrofethi bakho. Kodwa kabananzanga, ngakho wabanikela ebantwini abakhelene labo. **31** Kodwa ngomusa wakho omkhulu kawubaqedanga njalo kawubadelanga, ngoba unguNkulunkulu olomusa, olozwelo. **32** Ngakho-ke manje, Oh Nkulunkulu wethu, uNkulunkulu omkhulu, olamandla njalo omangalisayo, ogcina isivumelwano sakhe sothando, ungadeleli bonke lobu ubunzima obusehlelelo thina laphezu kwamakhosi ethu labakhokheli, phezu kwabaphristi labaphrofethi bethu, phezu kwabababa labantu bakho bonke, kusukela ensukwini zamakhosi ase-Asiriya kuze kube lamuhla. **33** Kukho konke lokho okwenzakeleyo kithi, ubeqotho; wenze ngokuthembeka, thina sisenza okubi. **34** Amakhosi ethu, abakhokheli bethu, abaphristi bethu labobaba abawulandelanga umthetho wakho; abayinanzanga imilayo yakho izixwayiso owabapha zona. **35** Loba babesembusweni wabo, bekhohisa ukulunga kwakho kubo elizweni elibanzi elivundileyo lelo owabapha lona, kabakukhonzanga futhi kabaguqunganga ezindleleni zabo ezimbi. **36** Kodwa ake ubone, siyizigqili lamuhla, izigqili elizweni owaliphisa okhokho bethu ukuthi badle izithelo zalo lezinye izinto ezinhle eziphuma kulo. **37** Ngenxa yezono zethu, isivuno salo esinengi siya emakhosini osuwabeke phezu kwethu. Abusa phezu kwemizimba yethu laphezu kwezinkomo zethu njengokuthanda kwawo. Siphakathi kosizi olumangalisayo." **38** "Ngenxa yakho konke lokhu, sesisenza isivumelwano esibophayo, sisibhala phansi, njalo abakhokheli bethu, abaLevi labaphristi bethu bafaka uphawu lwabo kuso."

10 Labo abafaka uphawu lwabo yilaba: Umbusi: uNehemiya indodana kaHakhaliya. LoZedekhiya, **2** loSeraya, lo-Azariya, loJeremiya, **3** loPhashuri, lo-Amariya, loMalikhija, **4** loHathushi, loShebhaniya, loMaluki, **5** loHarimi, loMeremothi, lo-Obhadaya, **6** loDanyeli, loGinethoni, loBharukhi, **7** loMeshulami, lo-Abhija, loMijamini, **8** loMaziya, loBhiligayi loShemaya. Laba babe ngabaphristi. **9** AbaLevi: uJeshuwa indodana ka-Azaniya, uBhinuwi owamadodana kaHenadadi loKhadimiyele, **10** labasekeli babo: uShebhaniya, uHodiya, uKhelitha, uPhelaya loHanani, **11** uMikha, uRehobhi, uHashabhiya, **12** uZakhuri, uSherebbhiya, uShebhaniya, **13** uHodiya, uBhani loBheninu. **14** Abakhokheli babantu yilaba: uPharoshi, uPhahathi-Mowabi, u-Elamu, uZathu uBhani, **15** uBhuni, u-Azigadi, uBhebhai, **16** u-Adonija, uBhigivayi, u-Adini, **17** u-Atheri, uHezekhiya, u-Azuri, **18** uHodiya, uHashumi, uBhezayi, **19** uHarifi, u-Anathothi, uNebhayi, **20** uMagiphayashi, uMeshulami, uHeziri, **21** uMeshezabeli, uZadokhi, uJaduwa, **22** uPhelathiya, uHanani, u-Anaya, **23** uHosheya, uHananiya, uHashubhi, **24** uHaloheshi, uPhiliha, uShobeki, **25** uRehumi, uHashabhina, uMaseya, **26** u-Ahija, uHanani, u-Anani, **27** uMaluki,

uHarimi loBhana. **28** Inengi labantu, abaphristi, abaLevi, abalindimasango, abahlabeleli, lezinceku zethempeli laba bonke abazehlukanisayo ebantwini bezizwe ngenxa yoMthetho kaNkulunkulu, kanye lamakhosikazi abo lamadodana lamadodakazi abo ayeseqedisisa **29** bonke bahlanganyela labafowabo ababeyizikhulu, ukuzibopha ngesiqalekiso langesifungo ukuwulandela uMthetho kaNkulunkulu owanikwa ngoMosi inceku kaNkulunkulu lokulalela kuhle yonke imilayo, leziqondiso lezimemezelo zikaThixo iNkosi yethu. **30** Sithembisa ukuthi kasiyikwendisa amadodakazi ethu ebantwini esakhelene labo loba sithathele amadodana ethu amadodakazi abo. **31** Nxa labo esakhelene labo beletha impahla kumbe amabele okuthengiswa ngeSabatha, kasiyikuthenga kubo ngeSabatha loba ngaliphi ilanga elingcwele. Kuwo wonke umnyaka wesikhombisa sizayekela amasimu ethu alaluke njalo sizacitsha zonke izikwelede. **32** Siyazethesa umlandu wokugwalisa umlayo wokupha okwesithathu kwesheleli ngomnyaka okomsebenzi wendlu kaNkulunkulu: **33** okwesinkwa esibekwe etafuleni; okomnikelo wenjayelo owamabele lowokutshiswa; okweminikelo yamaSabatha, eyamadili okuThwasa kweNyanga leminye imikhosi emisiweyo; eyiminikelo engcwele, iminikelo yesono yokubuyisana eka-Israyeli; leyayo yonke imilandu yendlini kaNkulunkulu. **34** Thina abaphristi, abaLevi labantu sesenze inkatho ukubona ukuthi yiphi imuli emele ilethe inkuni ngasiphi isikhathi endlini kaNkulunkulu ezokutshiswa e-alithareni likaThixo uNkulunkulu wethu, njengokulotshiweyo eMthethweni. **35** Njalo sizethesa umlandu wokuletha endlini kaThixo umnyaka ngomnyaka izithelo zakuqala zamabele ethu lokwezithelo zonke zezihlahla. **36** Njengoba kulotshiwe njalo eMthethweni, sizaletha amazibulo amadodana ethu, awenkomo zethu, lawemihlambi yethu yezimvu endlini kaNkulunkulu wethu, kubaphristi abasebenza khona. **37** Futhi njalo, sizaletha okuya eziphaleni zasendlini kaNkulunkulu, kubaphristi, okokuqala kwempuphu yethu, okweminikelo yamabele ethu, izithelo zezihlahla zethu zonke lewayini lethu elitsha kanye lamafutha. Njalo sizaletha okwetshumi okwamabele ethu kubaLevi, ngoba ngabaLevi abaqoqa okwetshumi kuwo wonke amadolobho esisebenza kuwo. **38** Umphristi odabuka ku-Aroni kaphelikezele abaLevi besamukela okwetshumi, njalo abaLevi kumele balekhe okwetshumi okomnikelo wetshumi kuze endlini kaNkulunkulu, eziphaleni eziqondane lesikhwama. **39** Abantu bako-Israyeli, kanye labaLevi, bamele balethe iminikelo yabo yamabele, iwayini elitsha lamafutha eziphaleni lapho okugcinwa khona impahla zendu engcwele, njalo lapho okuhlala khona abaphristi abasebenzayo labalindimasango labahlabeleli. “Kasiyikuyidela indlu kaNkulunkulu.”

11 Abakhokheli babantu bafika bahlala eJerusalem. Abantu bonke basebesenzisa inkatho ukukhetha oyedwa etshumini ngalinye owayemele ayehlala eJerusalem, idolobho elingcwele, kuthi abaseleyo abayisificamunwemunye bahlale emadolobheni akibo.

2 Abantu bawabonga wonke amadoda azinikelayo ukuyahlala eJerusalem. **3** Laba yibo abakhokheli bezigodi abayahlala eJerusalem (amanye ama-Israyeli, labaphristi, labaLevi, lezinceku zethempeli) kanye labezizukulwane zezisebenzi zikaSolomoni bahlala emadolobheni akoJuda, ngulowo esabelweni sakhe emadolobheni ehlukeneyo, **4** kwathi abanye babantu bakoJuda lakoBhenjamini bahlala eJerusalem: Abesizukulwane sikaJuda: U-Athaya indodana ka-Uziya, indodana kaZakhariya, indodana ka-Amariya, indodana kaShefathiya, indodana kaMahalaleli owosendo lukaPherezi; **5** loMaseya indodana kaBharukhi, indodana kaKholi-Howe, indodana kaHazaya, indodana ka-Adaya, indodana kaJoyaribi, indodana kaZakhariya, isizukulwane sikaShilo. **6** Abesizukulwane sikaPherezi ababehlala eJerusalem babefika 468, amadoda aqinileyo. **7** Abesizukulwane sikaBhenjamini: uSalu indodana kaMeshulami, indodana kaJoyedi, indodana kaPhedaya, indodana kaKholaya, indodana kaMaseya, indodana ka-Ithiyeli, indodana kaJeshaya, **8** labalandeli bakhe, uGabhayi loSalayi, amadoda afika amakhulu ayisificamunwemunye lamatshumi amabili lasificaminwembili. **9** UJoweli indodana kaZikhiri wayenguye induna yabo, loJuda indodana kaHasenuwa wayephethe iSiqinti seSibili sedolobho. **10** Ababesuka kubaphristi: uJedaya; indodana kaJoyaribi; uJakhini; **11** uSeraya indodana kaHilikhiya, indodana kaMeshulami, indodana kaZadokhi, indodana kaMerayothi, indodana ka-Ahithubi, umphathi endlini kaNkulunkulu, **12** labasekeli babo, abaqhuba umsebenzi wethempeli, amadoda afika amakhulu ayisificaminwembili lamatshumi amabili lambili; u-Adaya indodana kaJerohamu, indodana kaPhelaliya, indodana ka-Amizi, indodana kaZakhariya, indodana kaPhashuri, indodana kaMalikhija, **13** labasekeli bakhe, ababe yizinhloko zezimuli, amadoda afika amakhulu amabili lamatshumi amane lambili; u-Amashisayi indodana ka-Azareli, indodana ka-Ahizayi, indodana kaMeshilemothi, indodana ka-Imeri, **14** labasekeli bakhe, ababengamadoda aqinileyo alikhulu lamatshumi amabili lasitshiyagalombili. Induna yabo kwakunguZabhidiyeli indodana kaHagedolimi. **15** Ababesuka kubaLevi: uShemaya indodana kaHashubhi, indodana ka-Azirikhamu, indodana kaHashabhiya, indodana kaBhuni; **16** uShabhethayi loJozabhadi, bobabili bezinduna zabaLevi ababekhangele umsebenzi waphandle kwendlu kaNkulunkulu; **17** uMathaniya indodana kaMikha, indodana kaZabhidi, indodana ka-Asafi, umqondisi owayekhokhela inkonzo yokubonga lemkhulekweni; uBhakhibbukhiya, engowesibili phakathi kwabasekeli bakhe; u-Abhida indodana kaShamuwa, indodana kaGalali, indodana kaJeduthuni. **18** AbaLevi ababesemzini ongcwele babefika amakhulu amabili lamatshumi ayisificaminwembili lane. **19** Abalindimasango: u-Akhubi, loThalimoni labasekeli babo, ababelinda amasango babengamadoda afika ikhulu elilamatshumi ayisikhombisa lambili. **20** Bonke abanye abako-Israyeli, kanye labaphristi labaLevi, babekuwonke amadolobho akoJuda,

ngulowo esesabelweni sakwabo esomdabuko. **21** Izinceku zethempelini zazihlala entabeni i-Ofeli, ziphethwe nguZiha loGishipha. **22** Umlawuli wabaLevi eJerusalem waye ngu-Uzi indodana kaBhani, indodana kaHashabhiya, indodana kaMathaniya, indodana kaMikha. U-Uzi wayengomunye wabazukulu baka-Asafi, ababengabahlabeleli abakhangele inkonzo endlini kaNkulunkulu. **23** Abahlabeleli babengaphansi kezimiso zenkosi, ezaziqondisa abamele bakwenze insuku zonke. **24** Uphethahiya indodana kaMeshezabeli, omunye wesizukulwane sikaZera indodana kaJuda, wayengumeluleki wenkosi mayelana lezindaba zonke zabantu. **25** Mayelana lemizi kanye lamasimu ayo, abanye babantu bakoJuda bahlala eKhiriya Aribha lakweminye imizi eseduze, eDibhoni lemizini eseduze kwayo, eJekhabhizeli lemizana yakhona, **26** eJeshuwa, eMolada, eBethi Phelethi, **27** eHazari-Shuwali, eBherisheba lemizana yakhona, **28** eZikhilagi, eMekhona lemizana yakhona, **29** e-Eni Rimoni, eZora, eJamuthi, **30** eZanowa, e-Adulami lemizana yakhona, eLakhishi lamasimu ayo, lase-Azekha lemizana yakhona. Yikho babehlala yonke indawo kusukela eBherisheba kusiya eSigodini sikaHinomu. **31** Abesizukulwane sikaBhenjamini ababesuka eGebha bahlala eMikhimashi, e-Aya, eBetheli lemizana yakhona, **32** e-Anathothi, eNobhi, le-Ananiya, **33** eHazori, eRama leGithayimi, **34** eHadidi, eZebhoyimi laseNebhalathi, **35** eLodi lase-Ono, njalo laseSigodini seZingcitsi. **36** Abanye bezigaba zabaLevi bakoJuda bahlala koBhenjamini.

12 Laba ngabaphristi labaLevi ababuya loZerubhabheli indodana kaSheyalithiyeli kanye loJeshuwa: USeraya, uJeremiya, u-Ezra, **2** u-Amariya, uMaluki, uHathushi, **3** uShekhaniya, uRehumi, uMeremothi, **4** u-Ido, uGinethoni, u-Abhija, **5** uMijamini, uMowadiya, uBhiliga, **6** uShemaya, uJoyaribi, uJedaya, **7** uSalu, u-Amoki, uHilikhiya loJedaya. Laba babengabakhokheli babaphristi labakhulu babo ngezinsuku zikaJeshuwa. **8** AbaLevi babe ngJeshuwa, loBhinuwi, loKhadimiyeli, loSherebhiya, loJuda njalo loMathaniya, okwathi yena, labakhulu bakhe yibo ababekhokhela izingoma zenkonzo yokubonga. **9** UBhakhikhukhiya lo-Uni, labakhulu babo, babesima ngale bakhangelane labo ezinkonzweni. **10** UJeshuwa wayenguyise kaJoyakhimu, uyise ka-Eliyashibi, u-Eliyashibi uyise kaJoyada, **11** uJoyada uyise kaJonathani, uJonathani uyise kaJaduwa. **12** Ngezinsuku zikaJoyakhimu, laba babezinhloko zezimuli zabaphristi: abendlu kaSeraya, nguMeraya; abendlu kaJeremiya nguHananiya; **13** abendlu ka-Ezra, nguMeshulami; abendlu ka-Amariya, nguJehohanani; **14** abendlu kaMaluki, nguJonathani; abendlu kaShebhaniya, nguJosefa; **15** abendlu kaHarimi, ngu-Adina; abendlu kaMeremothi, nguHelikhayi; **16** abendlu ka-Ido, nguZakhariya; abendlu kaGinethoni, nguMeshulami; **17** abendlu ka-Abhija nguZikhiri; abendlu kaMiniyamini lekaMowadiya, nguPhilithayi; **18** abendlu kaBhiliga nguShamuwa; abendlu kaShemaya

nguJonathani; **19** abendlu kaJoyaribi, nguMathenayi; abendlu kaJedaya, ngu-Uzi; **20** abendlu kaSalu, nguKhalayi; abendlu ka-Amoki, ngu-Ebheri; **21** abendlu kaHilikhiya, nguHashabhiya; abendlu kaJedaya nguNethaneli. **22** Abazinhloko zezindlu zabaLevi ngezinsuku zika-Eliyashibi, loJoyada, uJohanani loJaduwa, kanye lezabaphristi, babhalwa phansi kubusa uDaryu wasePhezhiya. **23** Abakhokheli bezimuli ezizukulwaneni zikaLevi kuze kube yisikhathi sikaJohanani indodana ka-Eliyashibi babhalwa phansi encwadini yemilando. **24** Abakhokheli babaLevi babengoHashabhiya, loSherebhiya, loJeshuwa indodana kaKhadimiyeli, labakhulu babo ababesima baqondane labo nxa bedumisa njalo besenzo inkonzo yokubonga, yilabo bevumela abanye, njengokwamiswa nguDavida umuntu kaNkulunkulu. **25** UMathaniya, loBhakhikhukhiya, u-Obhadaya, uMeshulami, uThalimoni lo-Akhubi babe ngabalindimasango ababelinda iziphala emasangweni. **26** Bawenza umsebenzi lo ngezinsuku zikaJoyakhimu indodana kaJeshuwa, indodana kaJozadaki, langezinsuku zikaNehemiya umbusi lo-Ezra umphristi lombhali. **27** Ekunikelweni komduli waseJerusalem, abaLevi badingwa lapho ababehlala khona baletlwa eJerusalem ukuzathakazelela umkhosi wokunikelwa ngezingoma langokubonga langokutshaya izigubhu lamachacho lemiqangala. **28** Abahlabeleli labo baletlwa ndawonye besuka emangweni oseduze leJerusalem, basuka emizini yamaNethofa, **29** eBethi Giligali, lasemangweni waseGebha le-Azimavethi, ngoba abahlabeleli basebezakhele imizi eduze leJerusalem. **30** Kwathi lapho abaphristi labaLevi sebezihlambulule ngokomkhuba, bahlambulula abantu, amasango lomduli. **31** Ngathi abakhokheli bakoJuda bakhwele phezu komduli. Njalo ngamisa amaqembu amakhulu amabili awabahlabeleli ukuthi babonge. Elinye lalimile likhwele phezu komduli kwesokunene, kusiya ngesangweni loBulongwe. **32** UHoshiyaya lengxenywe yabakhokheli bakoJuda babalandela, **33** kunye lo-Azariya, lo-Ezra, loMeshulami, **34** loJuda, loBhenjamini, loShemaya, loJeremiya, **35** kanye labanye abaphristi ababelamacilongo, loZakhariya indodana kaJonathani, indodana kaShemaya, indodana kaMathaniya indodana kaMikhaya, indodana kaZakhuri, indodana ka-Asafi, **36** labakhulu bakhe oShemaya, lo-Azareli, loMilalayi, loGilalayi, loMayi, loNethaneli, loJuda loHanani bepethelel amachazo njengokwakumiswe nguDavida umuntu kaNkulunkulu. U-Ezra umbhali nguywe owayekhokhele udwendwe. **37** SebeseSangweni loMthombo baqhubeka bakhwela izinyathelo eziya eMzini kaDavida emqansweni oya emdulini bedlula ngaphezulu kwendlu kaDavida baya eSangweni laManzi ngempumalanga. **38** Iqembu lesibili labahlabeleli lona lafulethela elakuqala laya le. Ngabalandela phezu komduli ngilengxenywe yabantu, sedlula uMphotshongo waMaziko siqonda uMduli Obanzi, **39** sedlula isango lika-Efrayimi, leSango likaJeshana, isango leNhlanzi, uMphotshongo kaHananeli loMphotshongo weKhulu saze sayafika eSangweni leZimvu. ESangweni laBalindi

bafika bema. **40** Amaqembu lawo abahlabeleli amabili ayesipha ukubonga asesima ezindaweni zawo endlini kaNkulunkulu; lami ngenze njalo, kanye lengxenye yezinduna, **41** labaphristi o-Eliyakhimu, loMaseya, loMinyamini, loMikhaya, lo-Eliyonyayi, loZakhariya loHananiya belamacilongo abo **42** njalo loMaseya, loShemaya, lo-Eliyezari, lo-Uzi, loJehohanani, loMalikhija, lo-Elamu lo-Ezeri. Amaqembu abahlabeleli ahlabela ekhokhelwa nguJezirahiya. **43** Ngalelolanga banikela imihlatshelo emangalisayo, bethokoza ngoba uThixo wayebaphe ukuthokoza okukhulu. Abesifazane kanye labantwana labo bathokoza. Umsindo wokuthokoza eJerusalema wawuzwakala kude. **44** Ngalesosikhathi kwakethwa amadoda ukugcina iziphala zalokho kwakulethwa, izithelo zokuqala kanye lokwetshumi. Okusuka emasimini aseduzane lamadolobho babemele bakulethe eziphaleni lezo zilinganiso ezazivumelwa nguMthetho okwabaphristi labaLevi, ngoba ujuda wayejabulise ngumsebenzi owawuqhutshwa ngamaphristi lamaLevi. **45** Bayiphatha inkonzo kaNkulunkulu wabo lenkonzo yokuhlunjululwa, njalo benzenjalo labahlabeleli kanye labalindimasango, njengemilayo kaDavida lendodana yakhe uSolomoni. **46** Ngoba kudala, ensukwini zikaDavida lo-Asafi, kwakulabaqondisi babahlabeleli labezingoma zokudumisa lokubonga uNkulunkulu. **47** Yikho ngezinsuku zikaZerubhabheli loNehemiya, ama-Israyeli onke apha isabelo sansukuzonke esabahlabeleli labalindimasango. Baphinda njalo babeka eceleni esinye isabelo esabanye abaLevi, kwathi abaLevi labo basezula okunye kwabo kwaba ngokwabosendo luka-Aroni.

13 Ngalelolanga iNcwadi kaMosi yabalelwa abantu besizwa kwafunyanwa kuyo kubhaliwe ukuthi akungabi lam'Amoni loba um'Mowabi ovunyelwa emhlanganweni kaNkulunkulu, loba sekutheni, **2** ngoba babengahlangabezanga ama-Israyeli ngokudla lamanzi kodwa bathenga uBhalamu ukuba abaqalekise. (UNkulunkulu wethu kodwa waguqula isiqalekiso lesaba yisibusiso.) **3** Kwathi abantu sebewuzwile umthetho, babasusa ko-Israyeli bonke labo ababedabuka ezizweni. **4** Mandulo kwalokhu, u-Eliyashibi umphristi nguye owayephethe iziphala zendlu kaNkulunkulu wethu. Wasuka wezwana kakhulu loThobhiya, **5** wasemlungisela indlu enkulu eyayikade isetshenziswa ukulondoloza amabele omnikele lempepha kanye lempahla zethempeli, kanye njalo lamabele awokwetshumi, lewayini elitsha lamafutha, konke okwakumiswe ukuthi kube ngokwabaLevi, labahlabeleli labalindimasango, kanye lezipho eziya kubaphristi. **6** Kodwa kwathi kusenzakala konke lokhu, mina ngangingekho eJerusalema, ngoba ngomnyaka wamatshumi amathathu lambili wokubusa kuka-Athazekisisi inkosi yaseBhabhiloni ngabayela enkosini. Muva kwalokho ngacela invumo kuye **7** ngabayela eJerusalema. Kulapho engafika ngabona khona ngaleyonto embi eyenziwa ngu-Eliyashibi ngokupha uThobhiya indlu emagumeni asendlini kaNkulunkulu. **8** Ngacaphuka kakhulu

ngaphosela phandle zonke impahla zikaThobhiya. **9** Ngakhupha ilizwi ukuthi kazihlanjululwe izindlu, ngasengibuyisela kuzo impahla zendlini kaNkulunkulu, ndawonye lamabele omnikele lempepha. **10** Ngezwa njalo ukuthi abaLevi babengaphiwiwanga lokho okwakuyisabelo sabo, lokuthi bonke abaLevi labahlabeleli ababeqhuba inkonzo basebebuyele emasimini abo. **11** Ngazikhwazela izinduna ngazibuza ngathi, "Kungani indlu kaNkulunkulu ingasakhathalelwa na?" Ngasengibabizela ndawonye ngababeka ezindaweni zemisebenzi yabo. **12** Bonke abakoJuda baletha okwetshumi kwamabele, iwayini elitsha lamafutha eziphaleni. **13** Ngasengibeka uShelemiya umphristi, loZadokhi umbhali, lomLevi owayethiwa nguPhedaya ukuba baphathe iziphala, ngenza uHanani indodana kaZakhuri, indodana kaMathaniya, ukuba ngumsekeli wabo, ngoba amadoda la kwakuthiwa athembekile. Baphiwa umlandu wokwabela abafowabo isabelo sabo. **14** Ungakumbule ngalokhu, Oh Nkulunkulu wami, ungakucitshi lokho engikwenzele indlu kaNkulunkulu wami ngokuthembeka kanye lezinkonzo ezikuyo. **15** Ngalezonsuku ngabona abantu bakoJuda bevoxa izikhanelo zewayini ngeSabatha njalo beletha amabele bewethesa kubabhemu, kunye lewayini, lamagrebisi, lomkhiwa leminyane imithwalo. Konke lokhu babekuletha eJerusalema ngeSabatha. Ngakho-ke ngasengibaxwayisa ukuthi bangathengisi ukudla ngosuku lolo. **16** Abantu beThire ababehlala eJerusalema babeletha inhlanzi lemihlobo yonke yezimpahla bezithengisa eJerusalema ebantwini bakoJuda ngeSabatha. **17** Ngazikhuza izikhulu zakojuda ngathi kuzo, "Manyala bani la eliwenzayo lingcolisa usuku lweSabatha na? **18** Kakusikho yini okwenziwa ngoyihlomkhulu, okwabangela ukuthi uThixo wethu, ehlixele kithi laphedu kwalelidolobho lobubunzima na? Manje selibuye lisandisa ulaka ku-Israyeli ngokugcolisa iSabatha." **19** Kwathi nxa selimathunzi emasangweni aseJerusalema kungakabi yiSabatha, ngalaya ukuthi iminyango kayivalwe ingaze yavulwa iSabatha ize idlule. Ngamisa emasangweni abanye abantu bami ukuze kungangeni mthwalo ngosuku lweSabatha. **20** Okwezikhathi ezimbalwa abathengi labathengisi bezinhlobo zonke zezimpahla balala ngaphandle kweJerusalema. **21** Kodwa ngabaxwayisa ngathi, "Lenzelani ukulala phansi komduli na? Lingakuphinda lokhu kuzakuba lokuxabana." Kusukela kulesosikhathi kabasaphindanga beza ngeSabatha. **22** Ngasengilaya abaLevi ukuthi bazihlambulule besebesiyalinda amasango ukuze kugcinwe usuku lweSabatha lungcwele. Ungikumbule langalokhu njalo, Oh Nkulunkulu wami, njalo utshengise umusa kimi mayelana lothando lwakho olukhulu. **23** Phezu kwalokho, ngalezonsuku ngabona amadoda akoJuda ayethethe abafazi base-Ashidodi, le-Amoni laseMowabi. **24** Ingxenye yabantwababo babekhuluma ulimi lwase-Ashidodi kumbe ulimi lwabanye abantu, bengakwazi ukukhuluma isiHebheru. **25** Ngabathethisa, ngakhuluma iziqalekiso phezu kwabo.

Amanye amadoda ngawatshaya ngaze ngawasiphuna inwele zawo. Ngathi kabenze isifungo ngebizo likaNkulunkulu ngathi, “Lingendiseli amadodakazi enu emadodaneni abo, njalo lingathatheli amadodana enu amadodakazi abo futhi lani lingazithatheli wona. **26** Kwakungasimitshado enjengale yini eyenza uSolomoni inkosi yako-Israyeli yenze isono? Phakathi kwezizwe ezinengi kwakungelankosi efana laye. Wayethandwa nguNkulunkulu wakhe, njalo uNkulunkulu wamenza inkosi ka-Israyeli wonke, kodwa laye wahugelwa esonweni ngabafazi bezizweni. **27** Manje-ke sesingezwa ukuthi lani selisenza wonke amanyala la esabekayo njalo kalisathembekanga kuNkulunkulu wethu ngokuthatha abafazi bezizwe na?” **28** Omunye wamadodana kaJoyada indodana ka-Eliyashibi umpfhisti omkhulu wayengumkhwenyana kaSanibhalathi umHaroni. Ngahle ngamxotshela khatshana kwami. **29** Ubakhumbule, Oh Nkulunkulu wami, ngoba babungcolisile ubupfhisti lesivumelwano sobupfhisti lesabaLevi. **30** Ngakho ngabahlambulula abapfhisti labaLevi kuzozonke izinto zezizweni, ngababela imisebenzi yabo, ngulowo waqondana lomsebenzi wakhe. **31** Ngaphinde ngenza amalungiselelo okulethwa kwenkuni ngezikhathi ezimisiweyo, njalo lawezithelo zokuqala. Ungikhumbule ngomusa, Oh Nkulunkulu wami.

U-Esta

1 Lokhu yikho okwenzakala ngesikhathi sika-Ahasuweru, owayebusa izifunda ezingaphezu kwekhulu elilamatshumi amabili lasikhombisa kusukela e-Indiya kuze kuyefika eTopiya. **2** Ngalesosikhathi inkosi u-Ahasuweru wayebusa esesigodlweni saseSusa, **3** kwathi ngomnyaka wesithathu wokubusa kwakhe, wenzela izikhulu zakhe kanye leziphathamandla zakhe idili elikhulu. Abakhokheli bebutho basePhezhiya labaseMediya, amakhosana, kanye lezikhulu zezifunda zonke zazikhona. **4** Okwensuku ezilikhulu lamatshumi ayisificaminwembili watshengisa ubukhulu benotho yombuso wakhe kanye lobucwazicwazi lobukhosi bombuso wakhe. **5** Kwathi lezonsuku seziphelile, inkosi yenza idili elikhulu elabakhona okwensuku eziyisikhombisa, endaweni ehonqolozelweyo esigodlweni senkosi, lisenzelwa bonke abantu abaziwayo labantukazana ababesigodlweni saseSusa. **6** Egumeni kwakulezilengiso ezimhlophe leziluhlaza okwesibhakabhaka, zibotsihelwe emasongweni esiliva ngentambo zelineni elimhlophe lelembu eliyibubende ensikeni zamatshe aqinileyo. Kwakulemibhedha yegolide lesiliva phezu kwephansi elaligandelwe ngamatshe aligugu, abomvu, aluhlaza, amhlophe lamnyama lamanye adulayo. **7** Iwayini lalinathelwa ezinkezweni zegolide, inye ngayinye yehlukene kwezinye, njalo iwayini lesikhosini lalilineni, kutshengisa ukukhululeka kwesandla senkosi. **8** Ngokulaya kwenkosi, isethekeli sinye ngasinye sasikhululekile ukuthi sinathe ngokwentando yaso, ngoba inkosi yayilaye zonke iziphathamandla ezazisipha iwayini ukuthi ziphe umuntu wonke njengokufisa kwakhe. **9** INdlovukazi uVashithi layo yenzela abesifazane ababesigodlweni seNkosi u-Ahasuweru idili elikhulu. **10** Ngelanga lesikhombisa, inkosi u-Ahasuweru isidakiwe ngenxa yewayini, yalaya abathenwa abayisikhombisa ababeyisebenzela, uMehumani, uBhizitha, uHaribhona, uBhigitha, u-Abhagitha, uZethari loKharikhasi, **11** ukuthi balethe kuyo iNdlovukazi uVashithi ethwele umqhele wakhe wobukhosi ukuze abukise ubuhle bakhe ebantwini kanye lezikhulwini, ngoba wayemuhle kakhulu. **12** Kodwa kwathi abathenwa beyitshela ngokulaya kwenkosi, iNdlovukazi uVashithi yala ukuya. Ngakho inkosi yathukuthela yavutha ngolaka. **13** Njengoba kwakuyinjwayelo ukuthi inkosi icebisane lezingcitshi ezindabeni eziphathelene lemithetho kanye lokwahlulela, yakhuluma lamadoda ahlakaniphileyo ayezwisisa ngomumo walezozikhathi **14** njalo ayeseduzane kakhulu lenkosi kwakunguKharishena, uShethari, u-Adimatha, uThashishi, uMeresi, uMarisena loMemkhani, izikhulu eziyisikhombisa zasePhezhiya laseMediya ezazilemvumo yokuya enkosini njalo zilezikhundla eziphakemeyo embusweni. **15** Yasibuza yathi, “Umthetho uthi kwenziweni eNdlovukazini uVashithi? Phela kayilalelanga umlayo wenkosi u-Ahasuweru awuthumele kuyo ngabathenwa.” **16**

UMemkhani wasephendula phambi kwenkosi kanye lezikhulu zayo wathi, “INdlovukazi uVashithi yonile, hatshi enkosini kuphela, kodwa lasezikhulwini zonke kanye labantu bonke bezabelo zonke zeNkosi u-Ahasuweru. **17** Phela isenzo seNdlovukazi sizakwazakala kuwo wonke amakhosikazi, abesedelela omkawo esithi, ‘Inkosi u-Ahasuweru yalaya iNdlovukazi uVashithi ukuthi ilethwe phambi kwayo, kodwa yala ukuza.’ **18** Lamhlanje amakhosikazi aphakemeyo asePhezhiya kanye laseMediya asizwileyo isenzo seNdlovukazi azaphendula izikhulu zenkosi zonke ngendlela efananayo. Kuzakuba khona ukungahloniphi kanye lengxabangxoza. **19** Ngakho-ke, nxa kulungile enkosini, kakube lomthetho ozaphuma esigodlweni njalo ulotshwe emithethweni yelizwe lePhezhiya leMediya, ongeke uguqulwe njalo, ukuthi uVashithi akumelanga aphinde angene lapho okulenkosi u-Ahasuweru. Njalo inkosi kayiphe isikhundla sayo sobundlovukazi komunye ongono kumayo. **20** Kuzakuthi nxa umthetho wenkosi umyenzelwa kuwo wonke umbuso wayo omkhulu, abesifazane bonke bazahlonipha omkabo kusukela komncane kusiya komkhulu.” **21** Inkosi kanye lezikhulu zayo bathokoza ngalokhu kucebisa, inkosi yasisenza khona lokho uMemkhani akucebisayo. **22** Yathumela izincwadi kuzozonke izabelo zombuso, kuleso laleso sabelo incwadi yaso ngolimi olukhulunywa kuso, kwamanyezelwa ngendimi zazo ukuthi yileyo laleyo ndoda kumele ibuse umuzi wayo.

2 Emva kokuba ukuthukuthela kweNkosi u-Ahasuweru sekudedile, yamkhumbula uVashithi kanye lalokho ayekwenzile, lalokho okwakumenyenzelwe ngaye. **2** Izinceku zenkosi zasezisithi kuyo, “Akudingelwe inkosi amantombazana agcweleyo, amahle. **3** Inkosi kayikhethe iziphathamandla kuzozonke izabelo zombuso wayo ukuthi zilethe wonke amantombazana amahle endlini yabesifazane esigodlweni saseSusa. Bafakwe ezandleni zikaHegayi, umthenwa wenkosi, okhangele abesifazane; zilungiswe kuhle njalo ziphiwe amakha okuziqhola. **4** Besekusithi intombi ethokozisa inkosi ibe yiNdlovukazi esikhundleni sikaVashithi.” Iseluleko lesi sayithokozisa inkosi, yasisilandela. **5** Kwakukhona esigodlweni saseSusa umJuda owendlu yakoBhenjamini, okwakuthiwa nguModekhayi, indodana kaJayiri, indodana kaShimeyi, indodana kaKhishi, **6** owayethunjwe eJerusalemu nguNebhukhadineza inkosi yaseBhabhiloni, kanye loJekhoniya inkosi yakoJuda wayephakathi kwabathunjwayo. **7** UModekhayi wayelomzawakhe okwakuthiwa nguHadasa, amondla ngoba engelayise lonina. Intombazana le yayisaziwa langokuthi ngu-Esta, yayibukeka kakhulu, inhle njalo uModekhayi wayeyondle njengendodakazi yakhe ize ifelwe nguyise lonina. **8** Kwathi umlayo wenkosi kanye lesimiso sekumenyenzelwe, amantombazana amanengi alethwa esigodlweni saseSusa afakwa ezandleni zikaHegayi. U-Esta laye wathathwa wasiwa esigodlweni sobukhosi wanikelwa ngaphansi

kukaHegayi, owayelinda indawo yabesifazane. 9 Intombazana le yamthokozisa wayithanda. Wahle wayinika okokuzilungisa kuhle lamakha okuziqhola kanye lokudla okuhle. Wayipha amantombazana ayisikhombisa okuyisebenzela ayekhethwe esigodlweni senkosi, wayisusa kanye lamantombazana ayo, wabafaka endaweni yabesifazane enhle kakhulu. 10 U-Esta wayengavezanga ukuthi udabuka ngaphi lembali yemuli yakibo, ngoba uModekhayi wayethe angakwenzi lokho. 11 Insuku zonke uModekhayi wayehamba eduzane leguma lendlu yabesifazane ukuze ezwe ukuba u-Esta uqhube njani lokuthi uyaphila na. 12 Intombi yayiqeda izinyanga eziyisithupha igcotshwa, ilungiswa kuhle njalo iqholwa ngamakha njengalokho okwakulungiselelwa abesifazane; izinyanga eziyisithupha igcotshwa ngamafutha emure lezinye eziyisithupha iqholwa ngamakha lokunye okokuqhola, ingakayi eNkosini u-Ahasuweru. 13 Indlela intombi eyayisiya ngayo enkosini yile: loba yini intombi eyayiyifuna yayikuphiwa ukuze ihambe lakho esigodlweni senkosi isuka endlini yabesifazane. 14 Ntambama yayisiya esigodlweni kuthi ekuseni ibuyeke kweyinye indawo yabesifazane iyelondolozwa nguShashigazi, umthenwa wenkosi owayegcina abafazi beceleni. Wayengabuyeli enkosini ngaphandle kokuba yona ithokoza ngaye njalo imbize ngebizo lakhe. 15 Kwathi lapho ithuba lika-Esta (intombazana eyayondliwe nguModekhayi, indodakazi kamalumakhe u-Abhiyali) selifikile ukuthi aye enkosini, kacelanga lutho ngaphandle kwalokho okwakuhlulunywe nguHegayi, umthenwa wenkosi owayelondolozwa abesifazane. U-Esta wathakazelelwa yibo bonke abambonayo. 16 U-Esta wasiwa enkosini ngenyanga yetshumi, inyanga yeThebhehi, ngomnyaka wesikhombisa wokubusa kweNkosi u-Ahasuweru. 17 Inkosi yakhangwa ngu-Esta kakhulukazi okwedlula abanye bonke abesifazane, njalo yamthakazelela yathokoza ngaye okwedlula zonke ezinye izintombi ezigcweleyo. Ngakho yamethesa umqhele wobukhosi yamenza waba yindlovukazi endaweni kaVashithi. 18 Inkosi yasisenza idili elikhulu kakhulu, idili lika-Esta, isenzela izikhulu kanye leziphathamandla zayo. Yamemezela usuku lwekhefu kuzozonke izabelo, yapha lezipho ngesandla esikhululekileyo sobukhosi. 19 Kwathi izintombi ezigcweleyo sezihlangene okwesibili, uModekhayi wayehlezi esangweni lenkosi. 20 U-Esta wayekwenze kwaba yimfihlo okwemuli yakhe lalapho adabuka khona njengokutshelwa kwakhe nguModekhayi ukuba akwenze, njalo waqhubeka elandela imilayo kaModekhayi njengalokhu ayekwenza esamkhulisa. 21 Ngesikhathi uModekhayi ehlezi esangweni lenkosi, abathenwa benkosi ababili ababelinda emnyango, uBhigithani loThereshi, bathukuthela baceba ukuyibulala inkosi u-Ahasuweru. 22 Kodwa uModekhayi wakuzwa ababekuceba wasetshela iNdlovukazi u-Esta, owabika lokho enkosini, ebabaza isenzo esihle sikaModekhayi. 23 Kwathi lowombiko usuhlolisiwe kwatholakala ukuthi uliqiniso, iziphathamandla lezo zombili zalengiswa

endaweni yokulenga. Konke lokhu kwalotshwa ogwalweni lwezindaba phambi kwenkosi.

3 Ngemva kwalezo zehlakalo, inkosi u-Ahasuweru wenza uHamani indodana kaHamedatha um'Agagi waba lodumo ngokumphakamisa, wamupha isikhundla esiphakemeyo, esihloniphekayo ukwedlula esezinye zezikhulu zonke. 2 Zonke iziphathamandla zesigodlweni esangweni lenkosi zaguqa phansi zamkhotshela uHamani, ngoba inkosi yayilaye lokho ngaye. Kodwa uModekhayi kazange amkhotshamele loba amkhonze. 3 Ngakho iziphathamandla zesigodlweni esangweni lenkosi zabuza uModekhayi zisithi, "Kungani ungalaleli umlayo wenkosi?" 4 Bakhuluma laye insuku ngezinsuku kodwa wala ukwenza lokho. Ngakho bamtshela uHamani ngalokho befuna ukubona kumbe isenzo sikaModekhayi sasizakwamukeleka, ngoba wayebatshelele ukuthi yena ungunJuda. 5 Kwathi uHamani ebona ukuthi uModekhayi kamguqeli njalo kamkhonzi, wathukuthela kakhulukazi. 6 Kwathi ngoba esekwazi ukuthi uModekhayi udabuka ngaphi, wawulahlala umqondo wokubulala uModekhayi yedwa. Kodwa uHamani wadinga indlela yokubulala bonke abomhlobo kaModekhayi, amajuda, kuwo wonke umbuso ka-Ahasuweru. 7 Ngomnyaka wetshumi lambili wokubusa kuka-Ahasuweru, ngenyanga yakuqala, inyanga ethiwa nguNisani, benza inkatho ethiwa yiphuri phambi kukaHamani ukuze bakhethe usuku lenyanga. Inkatho yadla inyanga yetshumi lambili, inyanga ethiwa yi-Adari. 8 UHamani wasesithi eNkosini u-Ahasuweru, "Kukhona abantu abathile abahlakazeke basabalala phakathi kwabantu abasezabelweni zonke zombuso wakho abalemikhuba eyehlukene leyabantu bonke, njalo abangalaleli imithetho yenkosi. Inkosi akumelanga ibayekelele kulokho. 9 Nxa lokhu kulungile enkosini, kakube lesimemezelo somthetho wokuba babhujiswe. Mina ngizafaka phakathi kwengcebo yesigodlweni amathalenta esiliva alitshumi lenkulungwane ukuphathisa amadoda azakwenza umsebenzi lo." 10 Ngakho inkosi yakhupha indandatho yophawu lwayo emunweni yayipha uHamani indodana kaHamedatha, um'Agagi, isitha samaJuda. Inkosi yathi kuHamani, 11 "Gcina imali le, wenze ebantwini njengokuthanda kwakho." 12 Kwathi ngosuku lwetshumi lantathu ngenyanga yokuqala onobhala besigodlweni babizwa. Babhala ngokulotshwa kwesabelo sinye ngasinye njalo ngolimi lwabantu balesosabelo, yonke imilayo kaHamani eyayisiya kuziphathamandla zenkosi, ababusi bezabelo ezehlukeneyo kanye lasezikhulwini ezaziphethe abantu abehlukeneyo. Yayibhalwe ngebizo leNkosi u-Ahasuweru ngokwakhe njalo yadindwa ngophawu lwendandatho yakhe. 13 Izincwadi zathunyelwa ngezithunywa kuzozonke izabelo zenkosi kulomlayo wokuba kubhujiswe, kubulawe njalo kutshabalaliswe wonke amajuda, abatsha labadala, abesifazane labantwana ngelanga elilodwa, ilanga letshumi lantathu lwenyanga yetshumi lambili, enyangeni ethiwa ngu-Adari, njalo lokuphanga impahla yabo. 14 Amazwi

esimemezelo leso ayezakhutshwa abe ngumthetho omisiweyo kuzozonke izabelo, aziswe bonke abantu bakuzo zonke izizwe ukuze bazilungiselele lolosuku. **15** Izithunywa zakhuthazwa ngumlayo wenkosi, zaphuma zakhupha umthetho omisiweyo esigodlweni saseSusa. Inkosi loHamani bahlala phansi banatha, kodwa abedolobho laseSusa badideka.

4 Kwathi uModekhayi esezwile ngakho konke okwasekwenziwe, wadabula iziqgoko zakhe, wagqoka amasaka okulila, wazihluka ngomlotha, waphuma wangena phakathi komuzi ekhala kakhulu njalo kabuhlungukazi. **2** Kodwa wahamba wayafika esangweni lenkosi, ngoba akulamuntu wayevunyelwa ukungena egqoke amasaka okulila. **3** Kuzozonke izabelo lapho isimiso somthetho lomlayo wenkosi okwafika khona, kwaba okulila okukhulu kubajuda, bazila ukudla, bakhala njalo belila. Abanengi balala emlotheni begqoke amasaka okulila. **4** Kwathi izinceku zika-Esta kanye labathenwa bakhe befika bemtshela ngoModekhayi, waba lokudabuka okukhulu. Wamthumela izembatho zokuthi agqoke endaweni yamasaka okulila, kodwa wala ukuzamukela. **5** U-Esta wasebiza uHathakhi, omunye wabathenwa benkosi owayekhethwe ukuba yinceku yakhe, wamlaya ukuba ayedingisisa lokho okwakukhathaza uModekhayi lembangela yakho. **6** Ngakho uHathakhi waya kuModekhayi egcekeni ledolobho phambi kwesango lenkosi. **7** UModekhayi wamtshela konke okwakwenzakale kuye, kugqoqela inani lemali uHamani ayethembise ukulibhadala lingene enothweni yenkosi kusenzelwa ukubhujiswa kwamaJuda. **8** Wamupha njalo amazwi esimemezelo leso ayesekhutshwe aba ngumthetho omisiweyo wokubhujiswa kwabo, owawumenyazelwe eSusa, ukuze awutshengise u-Esta njalo amchazele ngawo; njalo wamtshela ukuthi amkhuthaze ukuba aye enkosini ukuyacela isihawu sayo encengela abantu bakibo. **9** UHathakhi wabuyela wayamtshela u-Esta lokho okwakukhulunye nguModekhayi. **10** Yena wasemlaya ukuba athi kuModekhayi, **11** “Zonke iziphathamanda zenkosi kanye labasezigodlweni ezabelweni bayakwazi ukuthi inkosi ilomthetho owodwa zwi kuloba yiphi indoda loba owesifazane osondela enkosini angene endlini ephakathi engabizwanga; kufanele abulawe, ngaphandle kokuba inkosi yelule intonga yayo yegolide imkhombe ngayo ukuze impilo yakhe iphephe. Kodwa, sekwedule amalanga angamatshumi amathathu selokhu ngacina ukubizelwa enkosini.” **12** Kwathi amazwi ka-Esta ebikwa kuModekhayi, **13** waphendula wathi: “Ungacabangi ukuthi ngoba wena usendlini yenkosi nguwe wedwa kuwo wonke amaJuda ozaphepha. **14** Nxa ungala uthule ngalesisikhathi, usizo lokukhululwa kwamaJuda kuzavela kwenye indawo, kodwa wena kanye lemuli kayihlo lizabhubha. Njalo kwazi bani, ukuthi uze kulesi sikhundla sobukhosi ngenxa yesikhathi esinjengalesi na?” **15** U-Esta wasethumela impendulo le kuModekhayi: **16** “Hamba uyebuthanisa ndawonye wonke amaJuda aseSusa,

